IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

QAPHELA!!

UPHENDULA IZINCWADI ZOMBILI

- IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU (35)
- ELOKUFA ALITSHELI (35)
- AMAMAKI ESEHLANGENE [70]

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula izincwadi ZOMBILI
3. ukuthi izimpendulo zakho zihambisana nemiklomelo yombuzo ngamuye.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Bhala ngesandla esibonakalayo.
6. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA

# ISIQEPHU A: Izinhliziyo Ezibuhlungu > N. Sibiya

## UMBUZO 1:

## UGANDAGANDA

Ahambahambe lapha egcekeni. Aze ayoma ngasesangweni. Agqolozele lo mbhalo omkhulu olapha esangweni. Kubhalwe kahle ngamagama acacile: "EKUPHUMULENI". Awugqolozele lo mbhalo uShabane. Ezwe sekucweba izinyembezi.

Wayethi uyothola ukuphumula lapha, aze aficwe ngukufa. Kakusenakwenzeka lokho. Nakhu phela kuthiwa bazogudluzwa ngenkani lapha. Kuthiwa bayeza ogandaganda kusasa. Bazodiliza, bacekele phansi konke lokhu. Konke lokhu akusebenzela kangaka. Labo gandaganda bazobhidliza konke lokhu ayekujulukele ethi kuyomlethela ukuphumula kwengqondo nomphefumulo.

Zehle manje izinyembezi. Aphume ngesango. Nanguyana eseya enhla komuzi. Aze ayoma phansi kwemithi kawatela. Kunamathuna lapha. Maningi. Abiyelwe kahle. Avule isangwana. Angene. Awabuke onke. Nanti elikanina. Likhonkwe kahle lase liba nombhalo. Adlulise amehlo. Nanti elendodana yakhe endala eyadutshulwa eThekwini. Zisabonakala kahle izimbali eziphezu kwalo. Anyuke kancane. Aze azoma phambi kwelikaMaMhlungu. Nalo likhonkwe ngokumpunga. Lase liba nombhalo omkhulu ochaza ngemininingwane kaMaMhlungu. Ame uShabane. Awugqolozele lo mbhalo. Agobe. Acumbaze[5] izimbali ezisethuneni lomkakhe. Aguqe. Azilungise kahle. Azibone esecimezile. Zehle izinyembezi. Zigobhoze. Eside isikhathi. Kusuke kubuye imizuzu yeminyaka edlule. Kubuye izikhathi zenjabulo. Kubuye usuku lomshado. Kubuye amahlaya nenjabulo. Kubuye amazwi kayise emyala ngokuthi akosebenza angabhunguki, akhe kule ndawo yoyisemkhulu. Kubuye izinsuku zezimvula, kulinywa le ndawo. Kubuye izinsuku zokuvuna ukudla komhlabathi ovundile wale ndawo yoyisemkhulu.

Zigobhoze izinyembezi. Zigobhoze. Ngesikade asukume.

1.1 Ubani lo okwehla izinyembezi kuye? [1]

1.2 Kukuphi nendawo la efikelwa khona izinyembezi lo okhalayo? [1]

1.3 Sibona ngani ukuthi akukudala kakhulu yashona indodana endala yalo mnumzane okhalayo? [1]

1.4 Yini edala ukuthi abemaningi amathuna kwaShabane? (1)

1.5 Khetha impendulo eyodwa elungile kozinikeziwe bese uyibhala phansi.

Igama elithi **ukunethezeka** lichaza ukuthi:

(i) Ukuhlala wedwa.
(ii) Ukuphila ngokujabula
(iii) Ukuhlala endlini enethayo. (1)

1.6 Ubezokwenzani uMkhize ekhaya likaShabane? (1)

1.7 Yini ekhathaza uShabane emoyeni mayelana nokufika kukaMkhize ekhaya lakhe? (2)

1.8 Umlobi uveze igama elithi, " ugandaganda" ngezindlela ezintathu ezahlukile kule ndaba. Bhala **NGAMAPHUZU** amathathu usho ukuthi ugandaganda ngamunye endabeni uvezwe kanjani? (3)

1.9 Bhala ukuthi yini imbangela yodweshu kule ndaba. (2)

1.10 Ngephuzu **ELILODWA** bhala uchaze ukuthi isizinda senkathi asisebenzile umlobi sikhomba ukuthi indaba yenzeka ngasiphi isikhathi. Sekela ngephuzu **ELILODWA** impendulo yakho. (2)

1.11 Phendula imibuzo elandelayo ngegama **ELILODWA.**

1.11.1 Umuzi kaShabane ubizwa ngokuthi ise.........

1.11.2 Inkosikazi kaShabane kwakungu................ (2)

[17]

# 2. UMQANSO

Ngangehluleka ukumziba. Ngangimvakashela izikhathi eziningana impela ekhosombeni lakhe lokuthaka imithi, okuyinto ezinye izinsizwa esisebenza nazo ezazingakwazi ukuyenza. Zaziphika izinsizwa ukuthi akukho lutho olwalukhona phakathi kwami noNozipho.

"Nina njalo, sogcina siyibonile le ndaba yenu kamkhwenyana nomkhwekazi." Zazike zisho njalo. Ingani ngangiteketisa inganyana yakhe eyayineminyaka emibili ngithi ingumakoti wami. Zazibuye zisho ukuthi uma kungekho lutho ngempela phakathi kwethu, kusho ukuthi siyesabana. Ngempela, ukusondela kwami kuye kwaba yiphutha. Kwangenza ngabona imfihlo. Yebo, imfihlo eyisipho asiphiwa uMdali, iningi labesifazane elingenaso. Intobeko ayenayo yayimangalisa. Bangaba nayo bonke intobeko kepha ekaNozipho yayivelele.

Ngaqala ukushaywa uvalo uma kungena ucingo ngisekhaya. Ngangisuke ngicabanga ukuthi uyena, mhlawumbe kukhona afuna ukukubuza ngezasemsebenzini. Phela inhliziyo enecala ayikutholi ukuphumula. Ngangesaba ukuthi ngizosuke ngiphunyuke ngikhulume engangingathandi ukuthi umkami akuzwe, noma ngitatazeliswe unembeza ngigcine ngenze into engingajwayele ukuyenza uma ngisocingweni nomuntu engingenamfihlo naye. Ngangingathandi ukuthi umkami abone ukuthi sase sijwayelene kangako noNozipho.

Kwathi lapho ngisakuthokozela ukwejwayelana kwami noNozipho, nokho ngikuthokozela ngemfihlo nangokudliwa unembeza, ngezwa umkami esethi, "Njalo angiyithandi le ndaba kamafonelana nalo Nozipho wakho."

"Hawu, ususoleni s'thandwa sami?" Ngibuza nje uvalo lusho ukungigojela.[2]

"Uthi angithini? Angithi ngeviki eledlule ubefonile ecela usizo lwemoto egulelwa yingane! Namuhla uboleka isichazamazwi! Uzomhambisela manje ebusuku? Angithi wena unomusa! Cha, akukho sichazamazwi ozosihambisa la! Uma esidinga ngaleyo ndlela, akasilande. Habe! Ngithini

2.1 Ngubani lo osebenzela ekhosombeni? [1]

2.2 Ulushayelwa ngubani lolu cingo olumshayisa ngovalo lo mlisa okukhulunywa ngaye? [1]

2.3 Uganwe ngumabani uThabiso? [1]

2.4 UThabiso wenza muphi umsebenzi? [1]

2.5 Phendula umbuzo olandelayo ngokukhetha impendulo **EYODWA** elungile kulezi ozinikeziwe.

2.5.1 Igama elithi **umqansa** ngokwale ndaba lisho:

(i) Intatshana encane.

(ii) Isimo esinzima empilweni yomuntu.

(iii) Umuzi owakhiwe entabeni. (1)

2.6 UNozipho uma umbuka ngokwendaba ungumuntu wesifazane ongathanda yini ukufana naye uma usukhulile ngokwasekhaya lakhe kanye nasemsebenzini.. Bhala izizathu ezimbili ozifunde ngaye ezingakwenza/ezingekwenze ufise ukuba njengaye. (2)

2.7 Ngamaphuzu **AMABILI** veza ubufakazi bokuthi uThabiso uphila nodweshu lwangaphakathi. (2)

2.8 Chaza ukuthi lesi simo senkulumo sichaza ukuthini ngesiZulu esijwayelekile:

Phela inhliziyo enecala ayikutholi ukuphumula. (2)

2.9 UThabiso ungumuntu ozamayo ukuzimela izifungo zomshado azenza mhlazane eshada noNozipho. Vuma noma uphike usekele impendulo yakho ngamaphuzu **AMABILI**. (3)

2.10 Qondanisa loko okukukhalamu A naloko okukukhalamu B

| A | B |
|---|---|
| 2.10.1 Isibutubutwana sengane. | (i) UShandu |
| 2.10.2 Igama okubizwa ngalo uThabiso | [II] I-Nestum |
| 2.10.3 Isibongo sikaNozipho. | (iii) UMfukeni |

(3)

[18]

# ISIQEPHU B

# ELOKUFA ALITSHELI > M.M.Ndlovu

## UMBUZO 3

Wathi ebuya uBhiza namanzi ayewafake endishini kathayela yokugeza, wamfica umngani wakhe eselele kudala. Wawabeka amanzi wama wambuka umngane wakhe okomuntu ocabanga okuthile okujulile. Wanikina ikhanda, wamoyizela wabeka wathi, "Vela, walala kabuhlungu kanjena kwenzenjani?" Ayizange iphume impendulo. Waphinda wammemeza umngane wakhe kodwa wayelokhu ebelesele ngokudonsa izikhumba.

Wahlehla nyova uBhiza sakunyonyoba, amehlo akhe ewathe njo kuVela. Waphuma emnyango ngobukhulu ubunono bekati lobu. Waba ngukuphumela phandle, waphakamisa izinyawo wagcina esehlaba ngejubane. Wangena emgwaqweni omkhulu wahamba ngawo waze wangenela komncane wobhuqu. Wadlula imizi embalwa wabe esejikela komunye waleyo mizi. Kwakuyindlu enkulu eyakhiwe ngezitini ezibomvu, yabe isikhonkwa yapendwa ngopende osakhilimu, ibhande layo kuyizitini. Kulo muzi kwakubiywe ngofenisi ongemude kakhulu, kutshalwe ummbila kanye namazambane ayehlangene nesivande seklabishi nesipinashi.

Wangena esangweni elalingakhiyiwe, wadlula elishiya livulwe ucezu. Wahalazela engena egcekeni elinongwengwe[4] olusikwe kahle, luluhlaza cwe. Waqonda emnyango wasendlini yokuphumula, wangqongqoza waze wamemeza: "Nqo Vela, awuvule bo!" Wathi ukulinda isikhashana wezwa kuthi nya, wasikhexezisa isicabha. Wajabula kwathi akandize ezwa isicabha singahluthulelwe. Wangena khona ngabo ubunyoninco nobunono bekati, esivula esivala isicabha, yena esengaphakathi.

Wathi engena nje wayequkula umshini we-*DVD* kanye ne-*Hi-fi*. I-*Hi-fi* wayidumela wayigodla ekhwapheni eshiya izipika zayo ziyizintandane. Umshini we-*DVD* owawuyisicatshana awumnikanga inkinga ekuwuphatheni. Akuphelanga ngisho imizuzu emihlanu wabe eseqedile ngayekwenza. Waphumela phandle eseke wathi ukuqalaza wangasola lutho.

3.1 Bakuphi oVela noBhiza? [1]

3.2 Yini eyenza uVela angamphenduli uBhiza ekhuluma naye? [1]

3.3 Wayezowenzani uBhiza amanzi ayesendishini ayeyiphethe? [2]

3.4 UBhiza uyaphi njengoba eshiya uVela kubo? [2]

3.5 Ukuphakamisa izinyawo kusho **OKUKODWA** phakathi kwalokhu. Bhala impendulo **KUPHELA.**

(i) Ukugijima kakhulu.
(ii) Ukunyathela kancane.
(iii) Ukuhamba ngokushesha. [2]

3.6 Kungani uBhiza ethi, "Nqo Vela" ebe azi ukuthi umshiyile uVela akekho la engqongqoza khona? [2]

3.7 Ngokwakho ukubona ngalolu suku uBhiza wakhombisa yini ukuthi ungumngani weqiniso kuVela? Sekela umbono wakho mayelana nalokhu ngamaphuzu **AMABILI.** [3]

3.8 Ngenkathi uVela efika kuBhiza wayevela:

(i) Esikoleni

(ii) KwaNgwane

(iii) EWembezi [1]

3.9 Chaza lesi simo sokukhuluma esithi, **wayeloku ebelesele ngokudonsa izikhumba** ngamagama akho. Bhala iphuzu **ELILODWA.** [2]

**[17]**

emehlweni, washalaza uKhethi.

"Cha, cha, angikwazi-ke mina lokho," egwajaza ebalekisa amehlo.

"Awukhohliwe mina ngiyingane. Kudala ngaphila lapha emhlabeni. Kwawena nje ukhona ngenxa yami, ngakho awusoze wangidida uma usuqamba amanga..."

Azame ukuncenga uKhethiwe nanxa ebona ukuthi uyise uyadelela.

"Ngiqinisile baba, ngithunywe nguyise kaMbali," wazinika isibinjana sokubheka uyise.

"Ngoba nakhu uphikelele ngokuqamba amanga, hamba ufike umtshele umkhwenyana ukuthi uma efuna leyo mali makazifikele mathupha. Ngiyaphela-ke lapho, akusekho okunye engingakusho ngemali."

"Uze wathuma mina nje baba ngoba yena uyakusaba ukubhekana nawe."

"Uma esasaba ukuza lapho ezothola khona usizo kusho ukuthi akakayidingi imali. Mzukwane wayidinga ngempela imali ngiyombona esefika lapha ekhweni lakhe ezofuna usizo." Wacosha iBhayibheli lakhe uMahlase wacela indodakazi yakhe ukuthi imenzele itiye.

Wathukuthela wafuthelana uKhethi okwesele selidinwe lifa kade lijahwa yinyoka selikhathele wukugxumagxuma. Wagqishazela waya ekhishini walenza lelo tiye, wabuya nalo waligqinsila phezu kwe-*coffee table*. Washesha ukuvalelisa engasadlanga lutho. Waphuma esangweni esehalazela okwethwasa lishwibeka lithunywe ukuyotheza izinkuni ehlathini. Engqondweni yakhe munye kuphela umuntu ayesebona ezomsiza ngokumnika imali yokukhipha endlini emnyama uthumbu wakwabo. Lowo kwakunguS'khulu ayehlangane naye okokuqala enkantolo wazithula ngokuthi usondelene kakhulu noVela noBhiza.

4.1 Ubani lo okhala ngokuthi akangenziwa ingane lapha? (1)

4.2 Ukhuza bani ukuthi akangamenzi ingane? (1)

4.3 Lapha kubukeka kuxoxa umuntu omncane noyise, kulungile yini ukuthi umlobi asebenzise amagama athi, "uyise uyadelela"?

Wena ubungakubeka ngayiphi indlela loku okushiwo umlobi lapha? Bhala iphuzu **ELILODWA.** [2]

4.4 Kungani uMahlase ubukeka enesiqiniseko ukuthi uKhethiwe uyaphosisa. Bhala iphuzu **ELILODWA** . [1]

4.5 Kubangwa yini ukuthi ubudlelwane bukaMahlase bungabi buhle nomkhwenyane wakwakhe aze amesabe. Bhala amaphuzu **AMABILI.** [2]

4.6 Bhala usho ukuthi isiphi lesi sifengqo esisetshenziswe lapha.

(i) Wafuthelana **okwesele selidiniwe.** [2]

4.7 Khetha impendulo **EYODWA** elungile kulezi ezilandelayo echaza lesi simo senkulumo. **Ukuhalazela.**

(i) Ukuhalela into yomuntu.
(ii) Ukuhlanganisa izinkuni uma utheza.
(iii) Ukuhamba ngokushesha. [2]

4.8 UMahlase wenza into embi ngokungayi ukuyobona ingane yakhe esitokisini. Veza owakho umbono mayelana nalo mbono. Bhala amaphuzu **AMABILI.** [2]

4.9 Umlobi isizinda asisebenzisile siveza ukuthi le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi? Veza isibonelo ESISODWA sokusekela impendulo yakho. [2]

4.10 Phendula imibuzo elandelayo ngegama **ELILODWA VO.**

4.10.1 Igama lenkosikazi yeNdiya elalinethilomu u......

4.102 .....igama likababa kaVelabahleke.

4.10.3 Umseshi owabopha uMahlase kwakungu...... [3]

[18]

ISAMBA [70]